



**elrc**

EDUCATION LABOUR  
RELATIONS COUNCIL

# **IBHUKWANA LE-PAIA**

**Lilungiselelwe ngokwesigaba 14  
soMthetho Wokugqugquzel  
Ukutholakala Kolwazi Ongunombolo 2  
Ka-2000 (njengoba uchitshiyelwe)**

**USUKU ELAHLANGANISWA NGALO: 14/09/2021  
USUKU LOKUBUYEKEZWA KWALO: 06/11/2023**

## **OKUQUKETHWE**

1. Uhlu Iwamagama nezifushaniso	3
2. Inhloso yeBhukwana Le-PAIA	4
3. Ukusungulwa kwe-ELRC	4
4. Ukwakheka kwe-ELRC	5
5. Imininingwane yokuxhumana esemqoka ekutholeni ulwazi lwe-ELRC	6
6. Incazeloyezinyathelo ezikhona maqondana nesenzo noma ukwehluleka kwe-ELRC	8
7. UMhlahlandlela wokusebenzisa i-PAIA nendlela yokuthola uMhlahlandlela	8
8. Incazeloyezihloko inhlango enamekhodi azo	10
9. Izinhlu zamarekhodi e-ELRC atholakala ngaphandle kwesicelo	10
10. Izinsizakalo ezitholwa amalungu omphakathi ezivela ku-ELRC	11
11. Ukusingathwa kolwazi lomuntu	12
12. Ukutholakala kwaleli Bhukwana	13
13. Ukubuyekezwa kwaleli Bhukwana	13

---

## 1. UHLU LWAMAGAMA NEZIFUSHANISO

---

- |     |                       |   |
|-----|-----------------------|---|
| 1.1 | <b>“DIO”</b>          | ISekela Lesikhulu Sezolwazi   |
| 1.2 | <b>“ELRC”</b>         | UMkhandlu Wezabasebenzi Bezemfundo  |
| 1.3 | <b>“GS”</b>           | UNobhala Jikelele   |
| 1.4 | <b>“IO”</b>           | ISikhulu Sezolwazi  |
| 1.5 | <b>“UNgqongqoshe”</b> | UNgqongqoshe Wezobulungiswa Nezokuhlunyeleliswa Kwezimilo                                     |
| 1.6 | <b>“PAIA”</b>         | UMthetho Wokukugqugquzelu Ukutholakala Kolwazi Ongunombolo 2 Ka-2000 (njengoba uchitshiyelwe) |
| 1.7 | <b>“POPIA”</b>        | UMthetho Wokuvikelwa Kolwazi Lomuntu Ongunombolo 4 Ka-2013                                    |
| 1.8 | <b>“UMlawuli”</b>     | UMlawuli Wezolwazi  |

---

## **2. INHLOSO YEBHUKWANA LE-PAIA**

---

Leli Bhukwana Le-PAIA liwusizo emphakathini ukuze:

- 2.1 Uhlole uhlobo Iwamarekhodi okungenzeka ukuthi ayatholakala kakade eMkhandlwini Wezabasebenzi Bezemfundo (ELRC), ngaphandle kwesidindo sokufaka isicelo ngokomthetho we-PAIA;
- 2.2 Uqonde indlela yokwenza isicelo sokuthola irekhodi le-ELRC;
- 2.3 Uthole yonke imininingwane efanele yokuxhumana nabantu abazosiza umphakathi ngamarekhodi ohlose ukuwathola;
- 2.4 Wazi zonke izinyathelo ezitholakala kwi-ELRC mayelana nesicelo sokuthola amarekhodi, ngaphambi kokuya kuMlawuli noma eZinkantolo;
- 2.5 Incazeloyezinsizakalo zamalungu omphakathi ezivela kwi-ELRC, nendlela yokuthola lezo zinsizakalo;
- 2.6 Incazeloyomhlahlandela wokusebenzisa i-PAIA, njengoba ubuyekezwa nguMlawuli kanye nendlela yokuwuthola;
- 2.7 Uma inhlango izolusingatha ulwazi lomuntu, inhoso yokulusingatha lolo Iwazi lomuntu nencazelo yezinhlu zezihloko zemininingwane nezolwazi noma izinhlu zolwazi oluhlobene naye;
- 2.8 Wazi ukuthi i-ELRC ihlelile yini ukudlulisa noma ukusingatha ulwazi lomuntu ngaphandle kwaseRiphabhulikhi yaseNingizimu Afrika nabantu abaluthunyelelwayo noma izinhlu zabantu okungenzeka bathunyelelwe lolo Iwazi lomuntu; nokuba
- 2.9 Wazi ukuthi i-ELRC inazo yini izinyathelo zokuphepha ezifanele zokuqinisekisa ukugcinwa kolwazi luyimfihi, ubuqotho nokutholakala kolwazi lomuntu okufanele lusingathwe.

---

## **3. UKUSUNGULWA KWE-ELRC**

---

- 3.1 I-ELRC iwumkhandlu wokuxoxisana owasungulwa ngokweSigaba 37(2) soMthetho Wezabasebenzi (LRA).).


Umthetho Osebenzayo

- UMthetho Wezabasebenzi Ongunombolo 66 Ka-1995, njengoba uchitshiyelwe
- Umthethosisekelo we-ELRC

### **3.2 Injongo**

Injongo ye-ELRC ukugqugquzelanokugcina ukuthula kubasebenzi emkhakheni wezemfundo yomphakathi eNingizimu Afrika.

## 4. UKWAKHEKA KWE-ELRC



#### **4.1 AmaKomiti E-ELRC**

- 4.1.1 IKomiti Labaphathi
- 4.1.2 IKomiti Lokucwaningwa Kwamabhuku Nezingozi
- 4.1.3 IKomiti Elincane Lezezimali
- 4.1.4 IKomiti Elincane Lezabasebenzi
- 4.1.5 IKomiti Elincane Lezomthetho

#### **4.2 Imisebenzi**

Imisebenzi eseqoka yoMkhandlu iwukusiza ngezixazululo zezingxabano nokuzigwema nosizo ngezingxoxo zabasebenzi nabaqashi. UMkhandlu uhlinzeka ngezinsizakalo zokuxazulula izingxabano ngenjongo yokuvimbela nokuxazulula izingxabano zabasebenzi kwezemfundo futhi wenze imisebenzi yokuxazulula izingxabano ngokwesigaba 51 soMthetho Wezabasebenzi Ongunombolo 66 Ka-1995. Izinsiza zokuxoxisana kwabasebenzi nabaqashi zihlinzekelwa ukugqugquzelu ukuxoxisana phakathi kwabasebenzi nabaqashi kuzo zonke izindaba abanentshisekelo efanayo kuzo nokuba bafinyelele izivumelwano bebonke futhi bazilandele.

---

### **5. IMININGWANE YOKUXHUMANA ESEMQOKA EKUTHOLENI ULWAZI LWE-ELRC**

---

#### **5.1 ISikhulu Esiphezulu Sezolwazi**

Igama: Nksz U Ndobeni  
Ucingo: (012) 663-7446  
Imeyli: [UnathiN@elrc.org.za](mailto:UnathiN@elrc.org.za)  
Inombolo yefeksi: (012) 643-1601

#### **5.2 ISekela Lesikhulu Sezolwazi**

Igama: Nksz B Loxton  
Ucingo: (012) 663-7446  
Imeyli: [BerniceL@elrc.org.za](mailto:BerniceL@elrc.org.za)  
Inombolo yefeksi: (012) 643-1601

#### **5.3 Ongaxhumana nabo ngokuvamile maqondana nokuthola ulwazi**

Imeyli: [enquiries@elrc.org.za](mailto:enquiries@elrc.org.za)

#### **5.4 Kuzwelonke / Ekomkhulu**

Ikheli Leposi: Private Bag X126  
Centurion  
0046

Ikheli Lomgwao: 261 West Avenue  
Centurion  
0046

Ucingo: (012) 663-7446

Imeyli: [enquiries@elrc.org.za](mailto:enquiries@elrc.org.za)

Iwebhusayithi: [www.elrc.org.za](http://www.elrc.org.za)

## **5.5 Amahhovisi Ezifundazwe**

### **E-EASTERN CAPE**

Ikheli Lomgwaqo: 12 Clifford Street, 2 Floor, Esplanade Suite No. 6, Quigney, East London, 5201  
Inombolo Yocingo: (043) 722 5858

### **E-FREE STATE**

Ikheli Leposi: P.O. Box 2386  
Ikheli Lomgwaqo: 73 Aliwal Street, Omni Building, Ground Floor, Bloemfontein, 9300  
Inombolo Yocingo: (051) 430-8927  
Inombolo Yefeksi: (051 )430 5803

### **E-GAUTENG**

Ikheli Leposi: P O Box 5980, Johannesburg, 2000  
Ikheli Lomgwaqo: 20 Albert Street, Office 301/302, Bramfisher Building Johannesburg, 2000  
Inombolo Yocingo: (011) 331-0061

### **KWA-ZULU NATAL**

Ikheli Lomgwaqo: 146 Problem Mkhize, Morningside, Durban 4001  
Inombolo Yocingo: 073 530 7873

### **E-MPUMALANGA**

Ikheli Lomgwaqo: 37 Brown Street, Midcity Building, 6<sup>th</sup> Floor, Office No. 6/7/10, Nelspruit CBD, 1240  
Inombolo Yocingo: (013) 751-2838

### **E-NORTHERN CAPE**

Ikheli Lomgwaqo: 15 Spencer Lane, Belgravia, Kimberly, 8301  
Inombolo Yocingo: (053) 832-0247/8  
Inombolo Yefeksi: 086 528 7371

### **E-LIMPOPO**

Ikheli Leposi: P.O. Box 2100, Polokwane, 0700  
Ikheli Lomgwaqo: 49 Landros Mare Street, Std Bank Building Office No. 3005, Polokwane, 0700  
Inombolo Yocingo: (015) 291-1460

## **E-NORTH WEST**

Ikheli Lomgwaqo: Brink Street 75 Unit 2,  
Rustenburg  
North West  
0299  
Inombolo Yocingo: 060 546 8107

## **E-WESTERN CAPE**

Ikheli Lomgwaqo: Fairway Close, Fairway Square Building, North Block 1st Floor,  
Parow, 7500  
Inombolo Yocingo: (021) 595-2149

---

## **6. INCAZELO YAZO ZONKE IZINYATHETO EZIKHONA MAQONDANA NESENZO NOMA UKWEHLULEKA KWE-ELRC.**

---

- 6.1 Lezi zinyatheto ezingezansi ziyatholakala maqondana nesenzo noma ukwehluleka kwe-ELRC. Lokhu kungabandakanya:
- ukufaka isikhala sangaphakathi,
  - inqubo yokukhalaza kuMlawuli Wezolwazi noma kunoma iyiphi inhlango elawulayo; kanye/noma
  - inqubo yokuya eNkantolo enegunya ukuze uthole usizo olufanele.

---

## **7. UMHLAHANDLELA WOKUSEBENZISA I-PAIA NENDLELA YOKWUTHOLA LO MHLAHANDLELA**

---

- 7.1 UMLawuli, ngokwesigaba 10(1) se-PAIA, ubuyekeze futhi wenza ukuba kutholakale umhlahandlela obuyekeziwe wendlela yokusebenzisa i-PAIA (“uMlahandlela”), ngendlela nangohlobo oluqondakala kalula, njengoba ungase udingwe umuntu ofisa ukusebenzisa noma yiliphi ilungelo okukhulunya ngalo kwi-PAIA nakwi-POPIA.

- 7.1.1 UMlahandlela utholakala ngolimi ngalunye olusemthethweni.  
7.1.2 Umhlahandlela oshiro uqukethe incazelo:

- 7.1.2.1 yezinhliso ze-PAIA neze-POPIA;
- 7.1.2.2 yekheli leposi nelomgwaqo, inombolo yocingo neyefeksi nekheli le-imeyli, uma likhona:
  - 7.1.2.2.1 leSikhulu Sezolwazi kuzo zonke izinhlangano zomphakathi, kanye
  - 7.1.2.2.2 neleSekela Lesikhulu Sezolwazi kuzo zonke izinhlangano zomphakathi nezizimele eliqokwe ngokwesigaba 17(1) se-PAIA<sup>1</sup> nesigaba 56 se-POPIA<sup>2</sup>.

---

<sup>1</sup> Isigaba 17(1) se-PAIA- Ngezinhliso ze-PAIA, inhlango ngayinye yomphakathi kufanele, kuye ngomthetho olawula ukugashwa kwabasebenzi benhlango yomphakathi ethintekayo, iqoke inani elidingekayo lamasekela esikhulu sezolwazi ukuze leyo nhlangano yomphakathi ikwazi ukufinyeleleka kangangokunokwenze ka kubaceli bamarekhodi ayo.

<sup>2</sup> Isigaba 56(a) se-POPIA- Inhlango ngayinye yomphakathi nezimele kufanele yenze izinhlinzeko, ngendlela ebekwe esigaben 17 soMthetho Wokugqquzelu Ukutholakala Kolwazi, ngezinguqko ezidingekeyo, ekuqokweni kwalelo nani labantu, uma bekhonea., njengamasekela esikhulu sezolwazi ngokwesidingo esikhona sokwenza imisebenzi nezibopho njengoba zibekwe esigaben 55(1) se-POPIA.

**7.1.3 Indlela nohlobo lokwenza isicelo:**

- 7.1.3.1 sokuthola irekhodi lenhlangano yomphakathi eshiwo esigabeni 11<sup>3</sup>; kanye  
7.1.3.2 nokuthola irekhodi lenhlangano ezimele eshiwo esigabeni 50<sup>4</sup>;
- 7.1.4 Usizo olutholakala eSikhulwini Sezolwazi senhlangano yomphakathi ngokwe-PAIA ne-POPIA;
- 7.1.5 Usizo olutholakala kuMlawuli ngokwe-PAIA ne-POPIA;
- 7.1.6 Zonke izinyathelo ezingokomthetho umuntu angazithatha ngokuqondene nesenzo noma ukuhluleka maqondana nelungelo noma umsebenzi onikezwe noma obekwe yi-PAIA ne-POPIA, kubandakanye nendlela yokufaka:
- 7.1.6.1 isikhala sangaphakathi;  
7.1.6.2 isikhala kuMlawuli; kanye  
7.1.6.3 nesicelo enkantolo esiphikisa isinqumo sesikhulu sezolwazi senhlangano yomphakathi, isinqumo sesikhala sangaphakathi noma isinqumo soMlawuli noma isinqumo senhloko yenhlangano ezimele;
- 7.1.7 Izinhlinze ko zesigaba 14<sup>5</sup> no-51<sup>6</sup> zifuna ukuba inhlango yomphakathi nenhlangano ezimele, ngokulandelana kwazo, zenze ibhukwana, nendlela yokulithola lelo bhukwana;
- 7.1.8 Izinhlinze ko zesigaba 15<sup>7</sup> no-52<sup>8</sup> ezihlinzekela ukudalulwa ngokuzithandela kwezinhu zamarekhodi yinhlangano yomphakathi nenhlangano ezimele, ngokulandelana kwazo;
- 7.1.9 Izaziso ezikhishwe ngokwezigaba 22<sup>9</sup> no-54<sup>10</sup> mayelana nezimali okufanele zikhokhelwe izicelo zokuthola ulwazi; kanye

---

<sup>3</sup> Isigaba 11(1) se-PAIA- Umceli kufanele anikezwe irekhodi lenhlangano yomphakathi uma lowo mceli eziandela zonke izimfuneko zenqubo ekwi-PAIA eziphathelene nesicelo sokuthola lelo rekhodi; futhi ukutholakala kwalelo rekhodi kungenqatshiwe ngokwanoma yisiphi isizathu sokwenqaba esishiwo eSahlukweni 4 sale Ngxeny.

<sup>4</sup> Isigaba 50(1) se-PAIA- Ummceli kufanele anikezwe noma yiliphi irekhodi lenhlangano eizimele uma  
a) lelo rekhodi lidingeka ukuze kusetsheziswe noma kuvikelwe noma yimaphi amalungelo;  
b) lowo muntu elandela izimfuneko zenqubo ekwi-PAIA eziphathelene nesicelo sokuthola lelo rekhodi; futhi  
c) ukutholakala kwalelo rekhodi kungenqatshiwe ngokwanoma yisiphi isizathu sokwenqaba esishiwo eSahlukweni 4 sale Ngxeny.

<sup>5</sup> Isigaba 14(1) se-PAIA- Isikhulu sezolwazi enhlanganweni yomphakathi kufanele, okungenani ngezilimi ezintathu ezisemthethweni, senze kutholakale ibhukwana eliquethe ulwazi olusohlwini Iwendima 4 ngenhla.

<sup>6</sup> Isigaba 51(1) se-PAIA- Inhloko yenhlangano ezimele kufanele yenze kutholakale ibhukwana eliquethe incazeloyolwazi olusohlwini Iwendima 4 ngenhla.

<sup>7</sup> Isigaba 15(1) se-PAIA- Isikhulu sezolwazi senhlangano yomphakathi, kufanele senze kutholakale ngendlela ebekiwe incazeloyezinhu zamarekhodi enhlangano yomphakathi atholakala ngokuzenzekelayo ngaphandle kokuba umuntu acele ukwathola.

<sup>8</sup> Isigaba 52(1) se-PAIA- Inhloko yenhlangano ezimele, ngokuzithandela, ingenza kutholakale ngendlela ebekiwe incazeloyezinhu zamarekhodi enhlangano ezimele atholakala ngokuzenzekelayo ngaphandle kokuba umuntu acele ukwathola.

<sup>9</sup> Isigaba 22(1) se-PAIA- Isikhulu sezolwazi senhlangano yomphakathi okucelwa kuyo ulwazi, kufanele ngesaziso sifune ukuba umceli akhokhe imali ebekiwe yesicelo (uma ikhona), ngaphambi kokuthi kuqhtshekwe nokusingathwa kwasicelo.

<sup>10</sup> Isigaba 54(1) se-PAIA- Inhloko yenhlangano ezimele okucelwa kuyo ulwazi kufanele ngesaziso ifune ukuba umceli akhokhe imali ebekiwe yesicelo (uma ikhona), ngaphambi kokuthi kuqhtshekwe nokusingathwa kwasicelo.

7.1.10 Nemithethonqubo eyenziwe ngokwesigaba 92<sup>11</sup>.

- 7.2 Amalungu omphakathi angahlola noma enze amakhophi oMhlahlandela emahhovisi ezinhlangano zomphakathi noma ezizimele, kubandakanye nehhovisi loMlawuli, ngezikhathi zokusebenza eziwayelekile. Umhlahlandela ungatholakala futhi-
- 7.2.1 Ngesicelo eSikhulwini Sezolwazi;  
 7.2.2 Kuwebhusayithi yoMlawuli (<https://www.justice.gov.za/inforeg/>).

## **8. INCAZELO YEZIHLOKO ZOLWAZI OLUGCINWE YINHLANGANO NEZINHLU ZAMAREKHODI AGCINWE YI-ELRC**

Izihloko zamarekhodi agcinwe nguMkhandlu	Izinhlu zamarekhodi ngokwesihloko ngasinye
Imibhalo Yamasu, Izinhlelo, Imibiko	Imibiko Yonyaka; Imibiko Yekota; Izinhlelo Zamasu; Izinhlelo Zokusebenza Zonyaka; Imibiko Yocwaningo; Izinqubomgommo Namabhukwana
Ezabasebenzi Ne-ICT	<ul style="list-style-type: none"> <li>- Izinqubomgommo nezinquo zabasebenzi</li> <li>- Izikhala zomsebenzi ezikhangisiwe</li> <li>- Amarekhodi abasebenzi</li> <li>- Ukufunda nokuthuthukisa isib: ukuthuthukiswa kwamakhono nezinhlelo zokuqequesha</li> <li>- Uhlelo lokuqashwa ngokulingana kanye nezibalo</li> <li>- Ulwazi Iwe-biometric</li> <li>- Ama-imeyli aqukethe ulwazi oluyimfiho</li> <li>- Amaphasiwedi</li> </ul>
Ukuxoxisana Phakathi Kwabasebenzi Nabaqashi	<ul style="list-style-type: none"> <li>- Izivumelwano Ezibandakanya Bonke</li> <li>- Amaminithi emihlangano</li> <li>- Ukuqoshwa kwemihlangano</li> </ul>
Ukulawulwa Kwezingxabano	<ul style="list-style-type: none"> <li>- Izinqumo zokulamula nokuqoshwa kwemihlangano yazo</li> <li>- Amafayela wamacala namafomu okudlulisela anolwazi lomuntu amayelana naye.</li> <li>- Ama-imeyli ezinhlangothi ezixabene nawoKhomishana</li> </ul>
Ukuphathwa Kwezimali Nokuthengwa Kwempahla	<ul style="list-style-type: none"> <li>- - Imininingwane yezezimali</li> <li>- - Umhlinzeki we-database</li> </ul>

<sup>11</sup> Isigaba 92(1) se-PAIA sihlinzeka ngokuthi – “Ngqongqoshe, ngesaziso kuSomqulu, angenza imithethonqubo mayelana –  
 (a) nanoma yiluphi udaba oludingwa noma oluvunyelwe yilo Mthetho ukuba lukhishwe;  
 (b) nanoma yiluphi udaba oluphatelene nezimali ezikhokhwayo okukhulunywe ngazo esigaben 22 no-54;  
 (c) nanoma yisiphi isaziso esidingga yilo Mthetho;  
 (d) imibandela efanayo okufanele isetshenziswe yisikhulu sezolwazi senhlangano yomphakathi lapho sinquma ukuthi yiziphi iznhlu zamarekhodi okufanele enziwe atholakale ngokwesigaba 15; kanye  
 (e) nanoma yiluphi udaba lokuphatha noma lwengubo oludingkayo ukuze zisebenze izinhlinzeko zalo Mthetho.”

Izihloko zamarekhodi agcinwe nguMkhandlu	Izinhlu zamarekhodi agcinwe ngokwesihloko ngasinye
	<ul style="list-style-type: none"> <li>- - Izinkontileka</li> <li>- - Irejista Yempahla Enganyakazi</li> </ul>

## 9. IZINHLU ZAMAREKHODI E-ELRC ATHOLAKALA NGAPHANDLE KOKUBA UMUNTU KUDINGEKE AFAKE ISICELO

- 9.1 Uhlu olungezansi Iwendlala izinhlu zamarekhodi oMkhandlu atholakalayo ngaphandle kokuba umuntu afake isicelo sokuwathola ngokoMthetho. Lawa ngamarekhodi ikakhulu atholakala kuwebhusayithi ye-ELRC futhi umuntu angavele awadawunilode noma awacele ngocingo noma ngokuthumela i-imeyli noma incwadi.

Izinhlu	Uhlobo Lwemibhalo	Litholakala Kuwebhusayithi	Litholakala ngesicelo
Imibhalo yamathenda	<ul style="list-style-type: none"> <li>- Amathenda akhangisiwe</li> <li>- Amagama abathole abathenda</li> </ul>	X	
Umtetho /Imithethonqubo	<ul style="list-style-type: none"> <li>- Umthethosisekelo we-ELRC</li> <li>- UMthetho Wokuqashwa Kothisha</li> <li>- UMthetho Wezikole ZaseNingizimu Afrika</li> <li>- UMthethosisekelo WeRiphabhulikhi YaseNingizimu Afrika</li> <li>- Ukwakhiwa Kwezikhala Zothisha</li> <li>- UMqulu Wamalungelo</li> <li>- UMthetho Wezemfundo Nokuqeleshwa Okuqhubekayo</li> <li>- UMthetho Wezabasebenzi</li> <li>- UMthetho Womkhandlu Wothisha BaseNingizimu Afrika</li> <li>- UMthetho Wenqubomgommo Yezemfundo Kazwelonke</li> <li>- Imigomo Nemibandela Yokuqashwa Kothisha</li> </ul>	X	
Imibhalo Yamasu (Izinhlelo Nombiko)	<ul style="list-style-type: none"> <li>- Iphrofayili yenlangano (incazo-jikelele, izinhloso, imisebenzi)</li> <li>- Imibiko Yonyaka</li> <li>- Imibiko Yekota</li> <li>- Isu Lokusebenza</li> <li>- Uhlelo Lokusebenza Lonyaka</li> <li>- Izinhlelo Zamasu Nokusebenza</li> </ul>	X	

Izinhlu	Uhlobo Lwemibhalo	Litholakala Kuwebhusa yithi	Litholakala ngesicelo
USomqulu Kahulumeni	- Izinyathelo Zokuphatha Abasebenzi (PAM)	X	
Izivumelwano Zabasebenzi Nabaqashi	- Izivumelwano zikazwelonke nezezifundazwe	X	
Izinsiza Zokulawula Izingxabano	- Amafomu okudlulisela mathupha - Isicelo sedijithali ye-DMS	X	X
Izinto zangaphandle ezishicilelwé	- Umbiko Wezabasebenzi - Umlamuli Omusha - Education Indaba - Ukuyofunda Emazweni Omhlaba - IBhukwana Le-ELRC Corporate Identity - IBhuku Lothisha Lenqubomgommo Ye-ELRC	X	

---

## 10. IZINSIZAKALO ZAMALUNGU OMPHAKATHI EZIVELA KWI-ELRC NENDLELA YOKUZITHOLA LEZO ZINSIZAKALO

---

10.1 Amandla, imithwalo nemisebenzi ye-ELRC kwendlaliwe kwi-[Information Brochure](#) yayo.

---

## 11. UKUSINGWATHWA KOLWAZI LOMUNTU

---

Izinhlu Zezihloko Zemininingwane	Ulwazi Lomuntu Olungase Lusingathwe
abantu Bemvelo (ezimweni eziningi)	Amagama nesibongo; imininingwane yokuxhumana (izinombolo zokuxhumana), inombolo yefeksi (lapho kufanele khona), ikheli le-imeyli; ikheli lomgwaqo, leposi noma lebhizinisi; Inombolo Ehlukile Yomuntu/Kamazisi nokuxhumana okuyimfihlo
Umuntu Ngokomthetho (UMkhandlu)	Amagama abantu okuxhunyanwa nabo; Igama lebhizinisi elisemthethweni; ikheli lomgwaqo neleposi; imininingwane yokuxhumana (izinombolo zokuxhumana), inombolo yefeksi, ikheli le-imeyli); inombolo yokubhaliswa; ezezimali; ulwazi lwezohwebo, lwasayensi nobuchwepheshe nezimfiho zohwebo
Abasebenzi Be-ELRC	Ubulili, ukukhulelwé; isimo somshado; uhlanga, ubudala, ulimi, ulwazi lwezemfundo (iziqu); ulwazi lwezezimali (lapho kufanele); umlando wokusebenza; inombolo kamazisi; ikheli lomgwaqo neleposi; imininingwane yokuxhumana (izinombolo zokuxhumana), inombolo yefeksi, ikheli le-imeyli); ukuziphatha kobugebengu (irekhodi lobugebengu ngaphandle kwabasebenzi abadala); inhlalakahle yabo neyezihlobo zabo (amalungu omndeni) uhlanga, ezempilo, ubulili, ubuzwe, isizwe noma imvelaphi, ubulili obukhethayo, ubudala, impilo yomzimba noma yengqondo, inhlalakahle, ukukhubazeka, inkolo, unembeza, inkolelo, isiko, ulimi , ulwazi lwe-biometric yomuntu.

Okungezansi yizinhlu zabantu uMkhandlu ongase ubanike ulwazi lomuntu:

Izinhlu zolwazi lomuntu	Abanikwa Noma Izinhlu Zabanikwa Ulwazi
Inombolo kamazisi namagama, ukuhlola ubugebengu	Amaphoyisa AseNingizimu Afrika
Iziyu, ukuqinisekisa ukufaneleka	IGunya LezeZiqu ENingizimu Afrika
Umlando wezikweletu nokukhokha, ukuthola ulwazi lwezikweletu	Izikhungo Zezikweletu

11.2 Lezi zivikelo zokuphepha ezingezansi zisetshenziswa ukuze kuqinisekiswe ukuvikeleka okufanele nokuphelele, ubumfiilo, ubuqotho nokutholakala kolwazi lomuntu ngaphansi kwesandla soMkhandlu.

Lokhu kubandakanya okulandelayo:

- I-Virtual Private Network (VPN)
- I-Encrypted data line
- I-Antivirus
- Antimalware yama-imeyli
- Ama-username namaphasiwedi avikelwe
- I-Firewall
- Ukuhlolwa kokuchayeka
- Ukuqhubeke nokufunda ngobunjiniyela bezenhlalo

## 12. UKUTHOLAKALA KWALELI BHUKWANA

12.1 Leli Bhukwana litholakala ngezilimi ezintathu ezilandelayo ezisemthethweni:

- 12.1.1 IsiNgisi
- 12.1.2 IsiBhunu
- 12.1.3 IsiZulu

12.2 Ikhophi yaleli Bhukwana noma ikhophi yalo ebuyekeziwe, iyatholakala nangezindlela ezilandelayo:

- 12.2.1 Kuwebhusayithi ye-ELRC ([www.elrc.org.za](http://www.elrc.org.za))
- 12.2.2 Ekomkhulu loMkhandlu ukuze lihlolwe ngumphakathi ngesikhathi samahora okusebenza ajwayelekile
- 12.2.3 Kunoma yimuphi umuntu ofaka isicelo
- 12.2.4 KuMlawuli Wezolwazi uma ufaka isicelo

12.2 Imali yekhophi leBhukwana, njengoba ishiwo kwisithasiselo B seMithethonqubo, ikhokhwa ngekhophi ngayinye eyenziwe ewusayizi ongu-A4.

---

### **13. UKUBUYEKEZWA KWALELI BHUKWANA**

---

13.1 Le ELRC, uma kunesidingo, izobuyekeza futhi ishicilele leli Bhukwana minyaka yonke.

**Likhishwe ngu:**



---

**Nkosazana Dlamini-Zuma**  
ISikhulu Sezolwazi  
UNobhala Jikelele, ELRC